# SARS EFILING IDLONDLOBALE NGAMASONTO AMABILI OKUQALA ESIKHATHI SENTELA

**PRETORIA, ngoMgqibelo 13 kuNtulikazi 2019 –** UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) lunentokozo yokumemezela ukuthi kwenyuke ngamaphesenti amahlanu ukusetshenziswa kwe-eFiling emasontweni amabili okuqala esiKhathi seNtela 2019.

Kuze kube yizolo (ngoLwesihlanu mhla ziyi-12 kuNtulikazi), abakwa-SARS bemukele amaphepha entelangeniso abantu angaphezulu kwayizi-456 000 athunyelwe ngokusebenzisa i-eFiling uma kuqhathaniswa nangonyaka owedlule kanye nayizi-36 600 athunyelwe ngokusebenzisa i-SARS MobiApp.

Abakwa-SARS bafake i-Wi-Fi emagatsheni abo ukuze basize ekuguquleleni abakhokhintela ekusebenziseni le migudu yedijithali ethuthukisiwe i-eFiling ne-SARS MobiApp, ngemizamo yokukhuthaza ukusetshenziswa kwalemigudu emibili yedijithali.

Abakwa-SARS bakhumbuza abakhokhintela ngalezi zinsuku ezilandelayo zesiKhathi seNtela. Okuthunyelwe egatsheni lakwa-SARS kuzoqala ukwemukelwa phakathi kwamhla lu-01 kuNcwaba kuya kumhla zingama-31 kuMfumfu, kanti abasebenzisa i-eFiling ne-MobiApp bona bangathumela kuze kube mhla zi-04 kuZibandlela.

Abakwa-SARS bayazi ukuthi abanye babakhokhintela bake babhekana nezingqinamba ngezinqubo zokukhokhwa kwezimali ezibuyayo, nokuhlolwa, nokuqinisekiswa noma ukucwaningwa kwamabhuku. Abakwa-SARS bathanda ukuxolisa ngalokhu kuphazamiseka okube khona.

Sithanda ukukhumbuza bonke abakhokhintela abakhethelwe enye yalezi zinqubo ngokuzibophezela kwethu okukusoMqulu wokuSebenza okuthi:

Uma kungukuthi umelwe ukuthola imali ebuyayo zibe zingekho ezinye izikweletu onazo, ube uhlangabezane nazo zonke izibopho, ulandele zonke izinqubo zakwa-SARS ezilawula ukusingathwa futhi kungekho kuhlola, kuqinisekisa noma ukucwaningwa kwamabhuku okumele kwenziwe noma okuqaliwe, sizozama ukwenza lokhu:

- Ukukhokha imali ebuyayo yesikhathi sentela esikuso, uma ingaphezulu kuka-R100, ezinsukwini eziyi-7 zokusebenza okuphothulwe ngazo ukuhlola kokugcina.
- Uma kungukuthi kumele kuhlolwe, kuqinisekiswe noma kucwaningwe amabhuku, sizozama:
    - Ukukwazisa ezinsukwini eziyi-15 emva kokuthumela ukuthi amaphepha akho entela noma ukudalula kwakho kumele kuqinisekiswe uma kungukuthi amaphepha entela owabuyisayo awesikhathi sentela sangaleso sikhathi.
    - Ukuphothula ukuqinisekisa ezinsukwini ezingama-21 zokusebenza ukusukela ngosuku okutholwe ngalo wonke amadokhumenti asekelayo, uma kungukuthi amaphepha entela owabuyisayo awesikhathi sentela yangaleso sikhathi.
    - Sizophothula ukucwaninga amabhuku ezinsukwini ezingama-90 zokusebenza ukusukela ngosuku okutholakale ngalo wonke amadokhumenti asekelayo.

Mayelana nolwazi ngenzalo yasebhange, abakhokhintela kumele baqaphele ukuthi amaphepha okubuyisa intela eNtelangeniso lomuntu azofakelwa lolu lwazi kusukela ngonyaka wezi-2020. Kodwa-ke, lolu lwazi lungafakwa ngesandla ngesikhathi sentela sonyaka wezi-2019.

Kuzolungiswa okuningi kule mpelasonto okuzolungisa okuningi kumbuyisambiko esiyithole kubakhokhintela.

Abakwa-SARS basebenzisana nabasebenza ngentela ngokusebenzisana nebhodi labo i-Recognised Controlling Bodies (RCBs) futhi sibonga lezi zinhlangano ngokubambisana nathi ekulekeleleni ukuthi sisize abakhokhintela bethu kahle kakhulu